ZWELAKHE NGCOBO



UDUZILE Zuma Sambudla evele eNkantolo yeMantshi yaseThekwini

Isithombe: TUMI PAKKIES

# Umgcobo kaDudu Zuma, intombikayise

INKANTOLO ibigcwele phama. Emagcekeni eNkantolo yeMantshi yaseThekwini bekuphithizela abalandeli be-MK Party, beviliyela sakuqholosha. Nemibala yaleli qembu elinonyaka bekuyiyo eqqamile ngaphakathi nangaphandle kwenkantolo.

Ngaphakathi ku-Court 12, ibhentshi elingemuva kukaNkk Duduzile Zuma Sambudla beligqishe osondonzima baleli qembu. Bekukhona kubo uyise kaDudu, ehleli noSihlalo we-MKP uMnuz Nathi Nhleko noNobhala Jikelele uFloyd Shivambu namanye amalungu esigungu esikhulu sikazwelonke.

Kukule nkantolo yeMantshi lapho aqala khona kugqigqa izinkantolo uMengameli we-MKP uMsholozi, ongubaba kaDudu. Nalapho kwakutheleke yonke inhlobo yabaholi nabalandeli beqembu lakhe ngaleso sikhathi i-ANC bezomeseka emacaleni ayebhekiswe kuye okudlwengula. Kwabasikhumbulayo leso siqephu bangavuma ukuthi ukuvela kukaDudu enkantolo ngoLwesine kufane nencwadi esilotshwa kabusha, umehluko ukuthi sekuyindodakazi ehleli esigqikini sommangalelwa.

Noma ngabe kuthiwa izinto ziyaqondana, ukubizelwa enkantolo kuka"ntombikayise" kufana nesambulo senyathuko ebheke esicongweni sé-MK Party, okuyisikhundla abaningi abakholelwa ukuthi "ubaba" uzosishiyela kumuntu amethembayo.

Akukho-ke ukungabaza ukuthi umeseki omkhulu cishe owazi nezesifuba ekhaya nasepolitikini zikaMsholozi yindodakazi yakhe, okuyiyo eyama naye ebunzimeni nalapho abaningi sebeqheliswa ubivane lwezinkinga ezamnamatha waze wababala wasuliswa esikhundleni sokuba uMengameli wezwe.

Ushilo nomdidiyeli we-MK, uMnuz Willlies Mchunu, ephawula ukuthi inhlupheko kaNxamalala yasuka kuyo le nkantolo njengoba sebebuyele indodakazi yakhe ngemuva kweminyaka engu-20.

UNkk Zuma-Sambudla ubhekene necala lokuzama ukuketula uMbuso kanye nokuphehla udweshu ngesikhathi ngesikhathi sezibhelu zangoJulayi 2021.

UMbuso uthi lokhu wakwenza ngemibhalo ayeyibhala kutwitter.

UNkk Zuma-Sombudla wayelokhu efaka ekhasini lakhe le X, izigameko ezazenzeka, zihambisana nombhalo othi "Siyanibona" ebese egagula ngegama leyo ndawo ayekhuluma ngayo.

Ngokujwayelekile uyise ojwayele ukuthola ukwesekwa ngabantu abaningi uma eyovela enkantolo. Kodwa ngoLwesine kushintshe ukudla epuletini. Kunomlayezo obusebusweni bukaDudu wokweneliseka ngesikhathi esebhokisini lofakazi. Ubemamatheka edeze ejeqeza emuva ngakuyise nezikhulu ze-MKP sakuthi "sekuyigema lami ukuba ngithwalele lesi siphambano sikababa".

UNxamalala akawabheki amathuba anje. Uma eneshuzwa, yilapho avuka mawala khona. Ubukhona bakhe ngemuva kwendodakazi yakhe bekufana nomgcobo "weshingakazi" eliwe livuka naye. Cishe ubeziqhenya ngokuyibona inesibindi esifana nesakhe.

Nommeli wakhe u-Advocate Dali Mpofu, uwalethe ngokhamba amafutha omgcobo nxa enza izethulo ngokuthi athi leli cala liyimbudane, liwukuhlunyezwa ngokwepolitiki kusentshenziswa amathuluzi oMbuso.

"Yile nduku uMsholozi asebaqede ngayo labo abayizimbangi zakhe epolitikini ye-ANC. Uma-ke lokhu sekushiwo ku"ntombikayise", izinkomba ziqinile ukuthi "uMkhonto" uyowela ezandlezi zayo njengendlalifa efanele.

Uma okwenzeke ngoLwesine enkantolo bekuyithuba lokuzwa amanzi ngobhoko kukaNkk Zuma-Sambudla ukuthi bangakanani abantu abangameseka uma engahola iqembu, libe yimpumelelo enkulu.

Akuvamavamile ukuthi uDudu ebonakale exhawula amalungu aleli qembu, amanye emanga okubonakale ngaphandle sekwethulwa izinkulumo. Laphaya ubehlezi eduze kukayise edane ebonakala enqekuzisa ikhanda uma kukhona isikhulumi ahlabeka umxhwele ngenkulumo yaso.

Kusayine-ke amalungu eMK ecula ethi: "*Wenzeni uDuduzile*". Baphinde bememeza bethi "*We see you*," naye waphendula wathi "*I see you*" esho ebakhomba. Lezi ziqubulo zisho lukhulu.

Nibuzani ibhasi ibhaliwe!


## UMKHANYAKUDE DISTRICT MUNICIPALITY
## UMASIPALA WESIFUNDA UMKHANYAKUDE

### INVITATION TO TENDER

**Tenders are hereby invited for the bids listed hereunder for the services required at Umkhanyakude District Municipality.**

| BID NO. | DESCRIPTION OF SERVICE | EVALUATION CRITERIA | COMPULSORY BRIEFING SESSION | CLOSING DATE AND TIME |
|---|---|---|---|---|
| SCMU 004/ 2024/ 2025 | MANUFACTURE, SUPPLY AND DELIVER OF PERSONAL PROTECTIVE EQUIPMENT. | 80/20 | 11 February 2025 at 10h00. | 21 February 2025 at 12h00. |
| SCMU 005/ 2024/ 2025 | RENDERING OF HYGIENE SERVICES. | 80/20 | 11 February 2025 at 13h00. | 10 March 2025 at 12h00. |
| SCMU 006/ 2024/ 2025 | ASSESSMENT OF ELECTRICAL INFRASTRUCTURE AT KWAMSANE TOWNSHIP AND INGWAVUMA AREA. | 80/20 CIDB Grading 4EP OR HIGHER | None | 21 February 2025 at 12h00. |
| SCMU 007/ 2024/ 2025 | PANEL OF SERVICE PROVIDERS FOR THE SUPPLY AND DELIVERY OF DISASTER RELIEF MATERIAL FOR THE DISTRICT. | 80/20 | None | 10 March 2025 at 12h00. |

Tender documents are obtainable from the E-Tender Portal **www.etender.gov.za**

**Evaluation Criteria**

| Preference Point System | | |
|---|---|---|
| PRICE<br>SPECIFIC GOALS | 80<br>20 | **Requirements to claim points** |
| Enterprise owned by Black People | 4 | Certified ID Copies (Directors)/CSD Report/Shareholders Certificate |
| Enterprise owned by Women | 4 | Certified ID Copies (Directors)/CSD Report/Shareholders Certificate |
| Enterprise owned by Youth | 4 | Certified ID Copies (Directors)/CSD Report/Shareholders Certificate |
| Enterprise owned by Disabled Persons | 4 | Medical Certificate |
| Enterprise owned by SMMEs- QSE and EME | 4 | CSD report/ Proof of Municipal accounts/affidavit/proof of residence signed by Ward Councillor (for those residing in rural areas/lease agreement |

**Tenders and supporting documents must be sealed and externally endorsed as follows:** • The Municipal Manager, Tender Description of Service, Closing Date, and deposited in the tender box in the **Reception area of the Umkhanyakude District Municipality, 13433 Kingfisher Avenue, Mkuze, 3965 at or before 12h00** on or before the closing date. Tenders received after the said closing date and time and not clearly marked as prescribed, **WILL NOT** be considered.

The Umkhanyakude District Municipality is not bound to accept the lowest or any tender and reserves the right to accept the whole or part of a tender.

**Tender Enquiries:** Tender documents with terms of reference, further particulars and details of the bid are available on E-Tender Portal. The SCM Unit can be contacted in this regard, on tel: (035) 573 8600.

**NO E-MAILED TENDERS WILL BE ACCEPTED.**

**MR W.M. NXUMALO: MUNICIPAL MANAGER**

